


## Kuzokwenzakalani makube angifuni ukulandela umthetho okulayelwa ngeNHI noma mhlawumbe umtholampilo noma isibhedlela engisikhonzile asibhaliswanga kwiNHI?

gaphansi kweNHI usazokuvunyelwa ukuya emtholampilo lo uwukhonzile. Uma ufuna
‹welashwa emtholampilo engabhaliswanga kwiNHI noma uma ungafuni ukulandela
kulayelwa endaweni ethize ngeNHI, angekhe ukhokhelwe imali oyikhokile.Loku kusho ukuthi
zokhokela wena ephaketheni lakho ukulashwa kwakho.

## ıgabe ngizokhokha intela ·phezulu ngenxa ye NHI?

‹uqaleni angeke kube nantela ekhokhwayo kwiNHI
Hulumeni uzofaka imali esivele ikhona ukusungula
IHI. Uma seyiqalile ukusebenza iNHI, umnyango
ezezimali ungaze ufake intela encane.



## ıgabe kuzokwenzakalani ukusukela manje ‹uze kufike isikhathi sokuqala kweNHI?



Phambi kokuba iNHI ibengumthetho, uMthethosivivinywa weNHI ufanele uvunyelwe ePhalamende. Kule minyaka emihlanu ezayo uHulumeni uzobe elungisa izinhlaka zokufakwa nokuphathwa kwezimali zeNHI. Ngalesisikhathi uHulumeni uzosheshisa ukulungisa imitholampilo yonke bese phakamisa izinga labasebenzi ngokubalolonga, nokulungisa izinga lezempilo ngokuqinisekisa ukuthi imithi eyipheli emitholampilo. UHulumeni uziqiniseka ukuqeda inkohlakalo aphinde alungise nezinga lokuphathwa kwezikhungo zikaHulumeni.



# Iyini iNHI?

iNHI ingobuntu – imayelana nokuthi sinakekelane njengesizwe lapho omunye edinga usizo. Lena yindlela uMzansi Afrika ozoqinisekisa ngayo ukuthi wonke umuntu uthola ukunakekelwa ngezempilo ezisemgangathweni.







THE PRESIDENCY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

2030 NDP




# Isebenza kanjani?

iNHI izothengela abuntu bonke base Ningizimu Afrika izinsiza zempilo ezisemgangathweni. Lezi zinsiza sizonikezelwa osozempilo abaqeqeshiwe ezikhungweni zempilo zikazwelonke (ezomphakathi nezangasese) ezizobe zihlanginisiwe zabumba uhlelo lwezempilo olunakekela izidingo zabantu base Ningizimu Afrika yonkana.

Lokhu iNHI izokwenza ngokuhlanganisa izimali ezibhekela ezempilo kuyoyonke imikhakha owangasese kanye nekahulumeni esikhwameni esisodwa ukuze kuncishiswe izindleko kwandiswe nezinsiza.

## Izomela abanjani abantu iNHI?



Abantu base eNingizimu Afrika, abahleli, ngokuvunyelwa umthetho bazokwazi ukubhalisela usizo lwezempilo ngaphansi kweNHI. Zonke izingane ezizalwe, kanye nezikhulela eNingizimu Afrika zizosizakala ngaphansi kweNHI. Bonke abanye usizo abayoluthola olwezimo eziphuthumayo, kanye nokulashelwa ukuqubuka kwezifo ezinobungozi bokuqubuka zande (qaphela lokhu: abasebenzela uphiko lwezokuvikela (SANDF) basazoba nesikhwama sabo sezempilo).



## Ngingaba kanjani yingxenye yeNHI ?

Ukuze ube ingxenye yeNHI ungabhalisa wena kanye nomndeni wakho kudokotela noma umtholampilo owakhelene nawe.



## Ingabe ngizothola usizo lwezempilo mahala manje?

Emtholampilo uzosizwa ngumhlengikazi noma udokotela, ozokwedulisela kungoti uma kunesidingo. Uzothola ukunakekelwa okusezingeni olidingayo. Uzokwazi ukuthatha izinqumo ngempilo yakho ngokusizana nabasebenzi bezempilo nabaqeqeshiwe abazokweluleka ngemigudu okumele uyilandele uma udluliselwa phambili.

Uma usizwa esikhungweni seNHI, ulandela nemigomo yokudluliswa, angeke ukhokhe mali noma usebenzise izimali zosizo lwezokwelapha (medical aid). Lezizinsiza zizotholakala mahhala ngesikhathi ubonwa esikhungweni seNHI.

## Kuzokwenzakalani ngosizo lwezokwelapha?

Usizo lwezokwelapha zisazokubakhona ziqhubeke kepha ngeke zikwazi ukukunika izimfanelo ezifanayo nezitholakala ohlelweni lweNHI

### Nginosizo lwezokwelapha ngoba angifuni ukuma emigqeni yemtholampilo emide noma ngithole usizo ezibhedlela zikaHulumeni ezingahlanzekile. Ingabe iNHI izoqinisekisa ngezinga eliphezulu lezempilo uma ngiyeka ukusebenzisa usizo lwempilo enginalo manje?

Uhulumeni uzo phakamisa izinga lezemtholampilo ukuze kungabi namehluko phakathi kwemitholampilo kaHulumeni neyangasese. Yonke imitholampilo yeNHI kufanele ibe sezingeni lezempilo elivumelekile ngoba kufanele ilandele imithetho yezempilo zeHovisi elibheke ukuphepha nemigomo yezempilo. Inhloso ngukuthi imitholampilo ihlanzeke, kwehle imigqa kuphinde kutholakale izinsiza eziphephile zezempilo.

